Minister
Gugile Nkwinti

Ministry of Rural Development and Land Reform

Policy & Budget Speech 2012

Deputy Minister
Lechesa Tsenoli

The resolution of the 52nd National Conference of the ANC in Polokwane, in December 2007, on agrarian change, land reform and rural development resulted in the establishment of the department of Rural Development and Land Reform. The Department has since then made tremendous strides in delivering on its mandate.

Amongst others, under the land acquisition programme:

- The Department has acquired some 848 farms totalling 882 238 hectares;
- Land claims totalling 835 were finalized by the commission on Restitution of Land Rights;
- A total of 4 428 females and 3 756 youth benefited from the above programme;
- Distressed farms have been recapitalized to the value of more than R142m;
- The Department has been able to realign the commission on Land Restitution to respond to challenges of restitution, these include the appointment of the first black woman, as Chief Land Claims Commissioner.

Under our Comprehensive Rural Development Programme, we have been able to revitalize rural villages and small rural towns such as Witzenburg in the Western Cape. We are also making impact in rural infrastructure development, one good example is the R123 million Nelson Mandela Legacy Bridge at Mvezo in the Eastern Cape.

We have trained around 10 000 rural youth across the country in various skills such as Capentry and Bricklaying through a National Rural Youth Service Corps [NARYSEC] programme. In bringing communities together, we have to date established 52 Councils of Stakeholders throughout the country to enable them to take charge of their own destiny.

For more on the speech and other Departmental programmes visit *www.ruraldevelopment.gov.za*

The Department of Rural Development & Land Reform, Creating more Vibrant, Equitable and Sustainable Rural Communities.

rural development
& land reform
Department:
Rural Development and Land Reform
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

BAVUTHA UMLILO EMVA KODLAME

Staff Reporter

Amaphoyisa asesifundazweni saseMpumalanga bewehla enyuka edolobheni elincane iCarolina, ngenkathi abahlali balendawo bemasha emva kokuba abahlali abathathu bebulewe kwalimala amaphoyisa ayisithupha emva kwesehlakalo sokudubula ngobusuku obandulela lemashi.

Ledolobha kanye nomakhelwane balo iSilobela abakaze bathole amanzi ahlanzekile kusukela ngoJanuwari emva kokuba kutholakale ukuthi amanzi anezinsalela zobuthi bezimayini eziye zangcolisa amanzi edamu I Boesmanspruit.
Lomphakathi uye wahlangana wabhikisha emva komhlangano amanzi ahlanzekile.Baphinde bazwakalisa izimfuno zabo abazicela ngoJanuwari ukuba zifezeke zokuthi umeya walomasipala I Chief Albert Luthuli okungu Busisiwe Shiba ukuba asule esikhundleni. Ukwengeza kulokho bakhala ngokungabibikho kwemisebenzi,ukukhetha iphela emasini kubaphathi, amanzi ahlanzekile, kanye nogesi.

Okhulumela amaphoyisa uColonel Leonard Hlathi isiteleka sizoqhubeka kusasa .

Uhlathi uthe abanye bababhikishi abangu 25 baye baboshwa, lamaphoyisa okubikwa ukuthi alimele kuthiwa ashaywe ngamatshe zenjoloba noma balimale ngenkathi bebaleka bedudulana.
Kuthiwa umphakathi uye washisa Ihhovisi lakamasipala, umtapo wolwazi kanye namathangi akwaJoJo nezimoto ezine zamaphoyisa emva kokuba bezishaye ngamatshe. Uqhube wathi izitolo zamaPakistani nazo ziye zashiswa

Okhulumela umphakathi uPower Mndebele uthe basalindele ukufezwa kwezidingo zabo. “Ngicabanga ukuthi sekuyisikhathi sokuthi uMongameli wezwe kanye namasekela akhe eze lana e Carolina,” kuqhuba umndebele. Ababhekelene namanzi kanye nomasipala bathe baqaphe ngeso lokhozi ukuze amanzi angangcoliswa.

Okhulumela umnyango wakwaMasipala uDavid Nhlabathi uthe abathokozile neze ngezinyathelo ezithathwe ngumphakathi mayelana nalodaba. Uqhube wathi bona njengomnyango wakwaMasipala basebenza ubusuku nemini bezama ukuthola isisombululo sokunika umphakathi izidingo ezisezingeni eligculisayo. “Sigxeka kakhulu ubudlova ngoba bandisa izinkinga ngaphezu kwalezo ezisuke zikhona.

Umnyango wethu uhlala uvulekile kulaba abadinga ukwazi kabanzi ngenqubo yohlelo lwamanzi.Sithanda ukugxizelela ukuthi amanzi asengakakulungeli ukuphuzwa nokusetshenziswa uma kuphekwa, kodwa ningakhululeka niwasebenzise uma nisebenza nasezindlini zangasese”, Kusho uNhlabathi.
Eqhuba uthe banguMasipala bazimisele ukuhlangana nomphakathi kanti futhi umnyango wezamanzi usebenza ngokuzikhandla ukufeza izidingo zomphakathi, Kanti noNgqongqoshe wesifundazwe uDD Mabuza ukubeke kwacaca ukuthi kulodaba lwamanzi usezozibambela mathupha.

INKAMPANI YASE FRANCE EKULIMENI EMPUMA

Isifundazwe saseMpumalanga sibe nesifundo esinzulu ngokuza nendlela entsha yokukhiqiza kwezimakethe okuzosiza ekwandiseni amathuba okuhwebelana namazwe angaphandle kwamapulazi ezifundazwe zonke.

Okhulumela ikhabhinethi yesifundazwe u Lebona Mosia uthe isikhungo sezokulima, abathuthukisa izindawo zasemakhaya kanye nababhekelele umhlaba (DARDLA) baqashe inkampani yaseFrench ebizwa ngokuthi I Rungs ehamba phambili ngokukhiqiza izinto zeqhophelo eliphezulu ukuba kube yiyo kanye ebanika ulwazi olunzulu noluzobenza babe sezingeni eliphezulu, njengayo lenkampani.

“Lenkampani iqhuba enye yezimakethe ekhiqiza umkhiqizo osezingeni eliphezulu endaweni yase Paris ekhiqizela abathengi abayizigidi ezingu 18 nangaphezulu. Iphinde yasungula ezinye izimakethe ezithi azifane nqamashi nalena, kulezindawo ezilandelayo Russia, China, Peru, India, Portugal, London, kanye nase Belgium,” kusho uMnumzane Mosia.

Uqhube wathi “banolwazi mhlabawonke”.

Isifundazwe sase Mpumalanga saziwa kakhulu ekukhiqizeni izithela ezisezingeni eliphezulu ngokunjalo zehla esiphundu, akusakhulunywa phela ngezinga lenyama kwazise wonke umuntu uyazi ukuthi liyawudla umhlanganiso.Imakethe izoqhubeka iqhikizele izimakethe zasekhaya nezangaphandle.

uCandith Mashego-Dlamini esigungwini sezezimali kulempelasonto uthe lemakethe izoba isibonelo kubakhiqizi bezitshalo kanye nokunjalo nabemfuyo esifundazweni seMpumalanga.

UMashego-Dlamini uqhube wathi umnyango uzoqinisekisa ukuthi abanikazi bamapulazi asafufusa bazothola inzuzo ezobanelisa ebuya ezimakethe.

Uqhube wathi esifundeni saseMpumalanga baningi abafuyi kanye nabaphathi bamapulazi asafufusa abanotho okuyizimbuzi, izinkomo, kanye nezimvu angaphansi kwamaphesenti alishumi emfuyo yabo.

Umashego-Dlamini Uthe umnyango uzame ukuthuthukisa umhlaba ongu 292 kulesifunda, futhi uthe banethemba ukuthi uma sebeqale ukukhiqiza, bazothola inzuzo kumakethe ehamba phambili ngokukhiqiza izinto eziseqophelelweni eliphezulu.

Lesifundazwe sizokwakha ubudlelwane obesebaziwa kanye no Oman maphakathi ne Middle East, Brics kanye namanye angomakhelwane okubalwa kuwo iSwaziland kanye ne Mozambique ukthi bangenelele ezimakethe zangaphandle.
“ Bonke ababambe ichaza kulesikhungo bazodala amathuba emisebenzi bebambisene ne Provincial Growth Path nokukhuphula ukuhwebelana namazwe angaphandle.